


UDavide kwamkhathaza ukuthi wayengenalo ibhayisikili. Wafisa sengathi ubengahamba nabangane baye esikoleni ngamabhayisikili.



Ngosuku lukaDavide lokuzalwa, oyise benonina bamupha ibhayisikili elibomvu elicwebezelayo. “Ngiyabonga!” kusho uDavide ejabulile.



T3_1 David's new bicycle_big book_Z.indd 2 2021/11/04 21:53



UDavide wagqoka isigqoko sakhe sokuzivikela, wazama ukuligibela ibhayisikili, kodwa wawa. Bakithi, ubengakwazi ukugibela ibhayisikili elisha.



T3_1 David's new bicycle_big book_Z.indd 3 2021/11/04 21:53



Nsuku zonke uDavide ubelipholisha ibhayisikili lakhe. Wayengafuni kutshela muntu imfihlo yakhe yokuthi wayengakwazi ukugibela ibhayisikili.



T3_1 David's new bicycle_big book_Z.indd 4 2021/11/04 21:53



Umngane kaDavide onomusa,
u-Ana, wamsiza. Masinyane,
wayesekwazi ukuligibela
ngaphandle kokuthi awe!
“Ngiyabonga, Ana,” kusho yena,
“Sengiyakwazi ukuligibela!”



T3_1 David's new bicycle_big book_Z.indd 5 2021/11/04 21:53



Ngosuku olulandelayo uDavide wahamba nabangane bakhe baya esikoleni ngamabhayisikili. Wayejabule ukuthi wayelokhu ezama noma wawa izikhathi eziningi.



T3_1 David's new bicycle_big book_Z.indd 6 2021/11/04 21:53

